Isifundo 4

**Masingana 19 – 25*

Ukugcotshwa KweWundlu NjengeNkosi

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:

Sambulo 4, Hezekeli 1:5 – 14, Sambulo 5, Efesu 1:20 – 23, Heb. 10:12, IZenzo 2:32 – 36.

Indimana Yekhanda:

"Onqobayo ngiyakumnika ukuba ahlale nami esihlalweni sami sobukhosi, njengalokho nami nganqoba, ngahlala noBaba esihlalweni saKhe sobukhosi" (Sambulo 3:21).

Umbono owedlule bewutshengisa izigijimi zikaKrestu ebantwini baKhe emhlabeni. Manje umbono uyasuka emhlabeni uya ezulwini, ugxile "kulezo zinto ezizokwenzeka emva kwalokhu" (Samb. 4:1)—isikhathi esizayo. Isiqephu sezahluko 4 no 5 sinikeza isithombe esibanzi ngempikiswano enkulu. Kanjalo-ke, njengakueSambulo 12, esikubona kwizahluko 4 no 5 yimifuziselo ngomlando wecebo losindiso, kusukela ekusebenzeni kukaKrestu emhlabeni. Kodwa ngaphambi kokuthi kwembulwe ikusasa, siphiwa amazwibela okugcotshelwa kukaKrestu umsebenzi waKhe wasezulwini, olandela iKhalavari. Ngaleyo ndlela izahluko 4 no 5 zisibukisa ngamehlo ezulu okuchazwa yizehlakalo ezizayo eziqoshwe enxenyeni esele yalencwadi.

Sizoqaphela futhi ukuthi nakuba izigijimi eziya emabandleni ayisikhombisa zazibhalwe ngolimi olusobala, kusukela manje kuye phambili, lencwadi izosebenzisa ulimi lwemifuziselo okungelula ukuluchaza ngaso sonke isikhathi. Lolulimi luthathelwa emlandweni wabantu bakaNkulunkulu ngokubhalwe eTestamenteni eliDala. Ukuchazwa ngokuyiyona ndlela kweSambulo kudinga ukuqondisisa kahle ulimi lwemifuziselo ngokweTestamente eliDala.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaMasingana 26.*

Endlini Yobukhosi Yasezulwini

Kusukela kuSambulo 4:1, uJesu umema uJohane ukuba enyukele ezulwini, azotshengiswa amazwibela omlando kusukela esikhathini sakhe kuze kubuye uKrestu.

Funda iSambulo 4:1 – 8 kanye noHezekeli 1:26 – 28. Ngokusho kweSambulo 5:11 – 14, singafundani ngobuhle bendlu yobukhosi yasezulwini?

Umpostoli walunguza emnyango ovuliwe, wabona ithempeli lasezulwini, nesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Isihlalo sobukhosi simele ukubusa kukaNkulunkulu negunya laKhe phezu kwendalo, kanti uthingo oluhanqe isihlalo lusho ukwethembeka kwaKhe ebantwini baKhe. Kodwa-ke uSathane, isitha esiziqhwagela amandla, uphikisana negunya likaNkulunkulu. Okuyiyona ngqikithi kulempikiswano enkulu phakathi kukaNkulunkulu noSathane ukuthi ubani onelungelo lokubusa. Injongo yomkhandu wasezulwini owawuhlangene endlini yobukhosi yasezulwini, kwakungukusombulula kube kanye, umbuzo mayelana negunya likaNkulunkulu lokubusa phezu kwayo yonke indalo.

Funda iSambulo 4:8 – 11 neSambulo 5:9 – 14. Ungafundani maqondana nokukhonza kweqiniso kulezindimana? Kungani iNkosi uNkulunkulu efanele ukukhonzwa kusahluko 4, futhi kungani iWundlu lifanele kuSambulo 5:9 – 14?

ISambulo 4 sinekaza incazelo ebanzi yendlu yobukhosi ethempelini lasezulwini kanye nokukhonza okuqhubeka njalo lapho. Ngesikhathi ukukhonza okukusahluko 4 kudumisa amandla kaNkulunkulu okudala, isahluko 5 sibungaza usindiso olwalethwa yiWundlu elahlatshwayo. Lokhu kukhombisa ukuthi ukukhonza kweqiniso kuthakasela futhi kuhalalalise izenzo zamandla kaNkulunkulu okudala nokuhlenga. UNkulunkulu, owadala umhlaba ekuqaleni, unamandla nekhono lokuwubuyisela kuleso simo sasekuqaleni, awenze ube yikhaya laphakade labantu baKhe, kanti wethembisile ukukwenza lokho.

Cabanga ngalokho okufundiswa yivangeli: Lowo ongagcinanga ngokudala thina nje nomhlaba wethu, kodwa nawo wonke amazulu, futhi wayeyi "Wundlu elahlatshwa" (Samb. 5:12) ngenxa yethu. Lokho kusinika liphi ithemba elimangalisayo emhlabeni ogcwele ubuhlungu nesiphithiphithi?

Umkhandlu Wasezulwini Endlini Yobukhosi

Indlela okuchazwe ngayo amalunga kuSambulo 4:4 itshengisa ukuthi akuzona izingelose lezi. Igama elithi "amalunga" eBhayibhelini lisuke liqondiswe kubantu benyama kuphela. Ngokuphambene nezingelosi zona ezilokhu zimi phambi kukaNkulunkulu, lamalunga ahlezi ezihlalweni zobukhosi. Izingubo ezimhlophe azigqokile yisembatho sabantu bakaNkulunkulu abathembekile (Samb. 3:4, 5). Imiqhele yokunqoba (ngesiGriki: stephanoi) emakhanda abo eyalabo kuphela abangcwele abanqobile (Jakobe 1:12). Konke lokhu kukhomba ekuthini amalunga angu 24 abangcwele yilabo abangene enkazimulweni.

Inani lika 24 liwumfuziselo: lakhiwe yizibalo ezimbili zika 12, kanti u 12 eBhayibhelini umfuziselo wabantu bakaNkulunkulu. Amalunga angu 24 kungasho ukuthi awumfuziselo wabantu bakaNkulunkulu ngokuphelela kwabo, kusukela ngesikhathi seTestamenteni eliDala kuye kweliSha. Inani u 24 liphinde litshengise abaholi bezigaba ezingu 24 zabapristi ababeshintshana ekwenzeni inkonzo yasethempelini lasemhlabeni (1 IziKronike 24:1 – 19).

Ukuthi amalunga angu 24 akuzange kukhulunywe ngawo ngaphambili eBhayibhelini, kungase kusho ukuthi yisixuku esisha endlini yobukhosi yasezulwini. Kungenzeka ukuthi afika lapho masinyane ngaphambi kwesehlakalo. Cisho yilabo abavuswa ekufeni ngesikhathi sokufa kukaJesu (Math. 27:51 -53). Ngokwabase Efesu 4:8, mhla uJesu enyukela ezulwini, wahamba nabaningi abathunjiweyo. Amalunga angu 24 enyuka noJesu ukuya ezulwini njengabamele uluntu, ukuba ofakazi bobulungiswa bezenzo zikaNkulunkulu bokufeza icebo losindiso. KuSambulo 4, bangeniswa endlini yobukhosi yasezulwini, kanye nebandla lonke, ukwamukela uJesu ngemuva kokufa kwaKhe kokunqoba esiphambanweni nokufakaza ngokuphakanyiselwa kwaKhe esikhundleni saKhe ekwenyukeni kwaKhe.

ISambulo 4:6 – 8 siphinde sikhulume ngezidalwa eziphilayo ezine. Qhathanisa ukuchazwa kwazo nezidalwa ezine eziphilayo kuHezekeli 1:5 – 14 no Hezekeli 10:20 – 22 namaserafi kuIsaya 6:2, 3.

_____

_____

_____

_____

Izidalwa ezine eziphilayo yizingelosi ezisezingeni eliphakeme ezikhonza uNkulunkulu njengezikhonzi zaKhe nabalindi besihlalo saKhe sobukhosi (iHubo 99:1). Amaphiko azo ngokomfuziselo asho ijubane lazo ekwenzeni imiyalo kaNkulunkulu, amehlo azo asho ukuhlakanipha kwazo. Ukubukeka kwazo njengebhubesi, ithole, umuntu, kanye nokhozi kungabonwa ngokuthi kumele yonke imikhakha yezidalwa. Ngobukhona bazo, yonke indalo kaNkulunkulu inabameli endlini yobukhosi.

Incwadi Enamathiselwe

Funda iSambulo 5:1. Ngokuthathela kuIsaya 29:11, 12, kusho ukuthini ukunamatheliswa kwencwadi?

Ukubhalwa kwesiGriki kutshengisa ukuthi incwadi yayihlezi esihlalweni sobukhosi ngakwesokunene sikaBaba. Yayilindele Lowo ofanelekile ukuyithatha, ahlale endaweni yaKhe esihlalweni sobukhosi. Ngokusho kuka Ellen G. White, lencwadi enamathiselwe iqukethe "umlando wokuhlinzeka kukaNkulunkulu, umlando wesiprofetho wezizwe nowebandla. Phakathi kwayo kwakuqukethwe okushiwo yizulu, igunya likaNkulunkulu, imiyalo yaKhe, imithetho yaKhe, zonke izifanekiso zikaSimakade, nomlando wabo bonke ababusi bezizwe. Ngolimi lwemifuziselo kwakukhona kuleyo ncwadi umthelela wesizwe ngasinye, ulimi, nabantu, kusukela ekuqaleni komlando womhlaba kuze kufike ekupheleni."—Ellen G. White, *Manuscript Releases*, vol. 9, p. 7. Ngamafushane, incwadi enamathiselwe iqukethe imfihlakalo kaNkulunkulu mayelana necebo laKhe lokusombulula inkinga yesono nokusindisa abantu abawele esonweni. Ukufezeka okugcwele kwaleyo mfihlakalo kuyokwenzeka ekubuyeni kukaKrestu (bheka iSamb. 10:7).

Funda iSambulo 5:2 – 7. Kungani uKrestu kunguYe yedwa kuyo yonke indalo ofanelekile ukuthatha lencwadi enamathiselwe, ayiqaqe?

Inkinga esendlini yobukhosi ithintene nokuhlubuka kukaSathane. Lomhlaba, nakuba wawudalwe uNkulunkulu, usolokhu uphansi kokubusa kwalowo owawuqhwaga , uSathane. Ukukhala kukaJohane kutshengisa izinyembezi zabantu bakaNkulunkulu kusukela ku Adamu, bekhalela ukukhululwa ebugqilini besono. Incwadi enamathiselwe iqukethe icebo likaNkulunkulu lokusombulula inkinga yesono. Ngaphandle kokungabaza, ngamandla aKhe angenakulinganiswa, uNkulunkulu uqobo wayenakho ukulifeza lelocebo. Kodwa ukuhlengwa kwabantu abawile kwakudinga okuthile okukhethekile, uJesu Lowo owanqoba, ngaleyo ndlela-ke wafaneleka ukuvula incwadi, ukuthatha ubukhosi bomhlaba, abe uMlamuleli wethu ethempelini lasezulwini.

Sifunda kanjani ukugcina uJesu engowokuqala nophambili kumava ethu obuKrestu na?

Ukugcotshwa KweWundlu NjengeNkosi

Funda iSambulo 5:8 – 14 kanye nabase Efesu 1:20 – 23 namaHeberu 10:12. Zizonke, yini leyo ezithi ifanele ukusinika ithemba elikhulu nenduduzo emhlabeni osiphathele okuncane kangaka kuzo zombili lezinto?

Ngesikhathi uKrestu iWundlu eya esihlalweni sobukhosi, wathatha incwadi. Ngalesenzo lonke igunya nobukhosi kwethweswa Yena (bheka Efesu 1:20 – 22). Ngalowo mzuzu, konke okudaliweyo kwakwamukela ukubusa kukaKrestu emhlabeni ngokusemthethweni. Lokho okwalahlekela u Adamu, kwatholakala ngoKrestu.

Ngokuthi uKrestu athathe incwadi, ikusasa loluntu lonke labekwa ezandleni zaKhe. Izidalwa ezine eziphilayo namalunga angu 24 awa phambi kwaKhe amdumisa, njengoba enza nakuSambulo 5:9: "Ufanele Wena ukuyithabatha incwadi nokuvula izimpawu zayo, ngokuba wahlatshwa," (NKJV). Ngalawo mazwi, izingelosi ezisezikhundleni eziphezulu nabamele labo abahlengiwe zivuma umhlatshelo kaKrestu awenzela abantu. Ngegazi laKhe, uyikhokhile inhlawulo yabantu abawile, ubapha bonke ithemba losindiso nesithembiso sekusasa esingakwazi nokulicabanga.

Izidalwa ezine eziphilayo namalunga manje zihlanganyela nesixuku esingenakubalwa sezingelosi ezizungeze isihlalo sobukhosi zidumisa iNkosi esanda kubekwa esihlalweni zithi: "Lifanele iWundlu elahlatshwayo ukwamukela amandla nengcebo, nokuhlakanipha, nokunqoba, nodumo, nenkazimulo, nezibusiso." (Samb. 5:12, NKJV).

Ngalesikhathi konke okudaliweyo ezulwini nasemhlabeni kuhlanganyela ndawonye ekudumiseni kobukhosi uBaba noKrestu, zithi: "Kuyena ohlezi esihlalweni sobukhosi nakulo iWundlu makube yisibusiso, nodumo, nenkazimulo, namandla kuze kube phakade naphakade" (Samb. 5:13, NKJV). Ukudumisa kwabo kwenanelwa u "Amen" ovela ezidalweni ezine eziphilayo nokukhothama kwamalunga angu 24, ngaleso senzo kuphethwa ukugubha endlini yobukhosi yasezulwini ngenhlokomo.

Ososayensi baqagula bathi ngelinye ilanga konke okudaliweyo kuyokusha kuphele, noma kubhodloke, noma kuvele kuqhephuke phakathi. Singaqala kanjani kusemanje, ukujabulela ikusasa elisilindele?

Ukubaluleka KwePentekoste

ISambulo 5 sichaza esinye sezehlakalo ezimqoka emlandweni wecebo losindiso: ukuqala kukaKrestu ukwenza umsebenzi waKhe njengeNkosi noMpristi oMkhulu ethempelini lasezulwini ukulandela okwenziwa eKhalvari. Ngokuthatha indawo yaKhe esihlalweni sobukhosi sasezulwini ngakwesokunene sikaBaba (Heb. 12:2; bheka neSamb. 3:21), uKrestu unakho ukuqhuba icebo losindiso lize lifinyelele esiphelweni salo. Futhi unguMlamleli wethu ethempelini lasezulwini, kanti ngaYe, abantu abawile bakwazi ukufinyelela kuNkulunkulu, bathole ukuthethelelwa izono zabo.

Funda iZenzo 2:32 – 36 kanye noJohane 7:39. Kwakubaluleke ngani ukuphakanyiswa kukaKrestu ezulwini ukuze kufike uMoya oNgcwele na? Kungani uMoya wayengeke ehlele phezu kwabafundi ngaphambi kokukhazimuliswa kukaJesu na?

Ukuphakanyiswa kukaKrestu ethempelini lasezulwii kwalandelwa ukwehlela kukaMoya oNgcwele phezu kwabafundi. ISambulo 5:6 sikhuluma ngaboMoya abayisikhombisa "abathunyelwe kuwo wonke umhlaba" (NKJV). OMoya abayisikhombisa basho ukuphelela kokusebenza kukaMoya oNgcwele emhlabeni. Njengoba esikhathini esingaphambili uMoya oNgcwele ubelokhu ephambi kwesihlalo sobukhosi (bheka iSamb. 1:4, 4:5), ngokugcotshwa kukaKrestu, uthunyelwa emhlabeni. Ukuthunyelwa kukaMoya oNgcwele kuthintene nokubekwa kukaKrestu emsebenzini waKhe olandela owaseKhalvari. Lokhu kusho ukuthi uJesu wayezibonakalise phambi kukaYise, nokuthi umhlatshelo waKhe awenzela abantu wamukeleka. "Ukwenyukela kukaKrestu ezulwini kwakuluphawu lokuthi abalandeli baKhe babezokwamukela isibusiso esathenjiswa…. Ngesikhathi engena emasangweni asezulwini uKrestu, wagcotshwa edunyiswa yizingelosi. Masinyane seyiqediwe lenkonzo, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabafundi ngendlela enamandla, uKrestu nangempela wakhazimuliswa ngenkazimulo ayekade enayo kuBaba kusukela phakade. Ukuthululwa kukaMoya ngePentekoste kwakuyindlela yezulu yokusho ukuthi ukugcotshwa koMsindisi kufeziwe. Ngokwesithembiso saKhe, wamthumela uMoya oNgcwele evela ezulwini njengophawu lokuthi, njengompristi nenkosi, uphiwe onke amandla negunya ezulwini nasemhlabeni, nokuthi ungoGcotshiweyo phezu kwabantu baKhe."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, pp. 38, 39.

Funda kumaHeberu 4:16 no 8:1. Uthola liphi ithemba nenkuthazo ekuthini uJesu uhlezi kwesobukhosi sasezulwini njengeNkosi noPristi? Kunamthelela muni kuwena njengoba ubhekene nezimo zansuku zonke empilweni yakho, ungalazi nekusasa?

Ukujula Nomcabango:

Funda isihloko esithi 'To My Father, and Your Father' amakhasi 829 – 835 encwadini kaEllen G. White ethi: *The Desire of Ages*; kanye nesithi 'The Gift of the Spirit' amakhasi 47 – 56 ku *The Acts of the Apostles*. Isigijimi seSambulo 4 – 5 sibaluleke ngokukhethekile ebantwini bakaNkulunkulu abaphila ekupheleni komlando womhlaba. Ukufika kukaMoya oNgcwele ngePentekoste kwakusho ukuqala kokushunyayelwa kwevangeli; ingqikithi yesigijimi kwakunguJesu, owayephakanyisiwe njengeNkosi nomPristi esihlalweni sobukhosi sasezulwini. Kwakuyilowo umyombo wenkolo yamaKretu okuqala (Heb. 8:1) nesisekelo sokushumayela kwawo (IZenzo 2:32 – 36; 5:30, 31). Leliqiniso yilona elalibaqhuba futhi lingumthombo wokukholwa kwabo nenkuthazo phakathi kwezinhlupho nobunzima bezimo zomhlaba (IZenzo 7:55, 56; Rom. 8:34). Umphumela kwaba ukuthi abantu abaningi bakwamukela lokho abakushumayelayo. Kusukela ngaleso sikhathi, nangobukhona bukaJesu emsebenzini kaMoya oNgcwele, umbuso kaNkulunkulu wazibonakalisa, futhi usazibonakalisa. Asingalokothi sikhohlwe ukuthi yizindaba ezimnandi kuJesu Krestu kuphela ezingafinyelela ezinhliziyweni zabantu futhi zibaguqule, zibaholele ekwamukeleni ubizo lwevangeli laphakade lokwesaba uNkulunkulu, anikwe inkazimulo, akhonzwe (Samb. 14:7). Ithemba lethu kuphela uMsindisi, oyiNkosi nomPristi ethempelini lasezulwini. Unabantu baKhe, futhi uyohlale enabo njalo kuze kube sekupheleni (Math. 28:20). Uliphethe ezandleni zaKhe ikusasa. Ngakhoke asingakhohlwa ukuthi ukugcina umyombo wevangeli emqondweni kuzoletha impumelelo ephelele ekushumayeleni isigijimi sokugcina ebantwini abalahlekile nabahlukumezekayo. Ayikho enye into esiyishumayelayo ebaluleke njengesiPhambano nalokho esikufundisa ngoNkulunkulu.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ngelinye ilanga siyokuba sezulwini sidumisa iNkosi, siyikhonza ngokulunga kwaYo, amandla aYo, kakhulukazi nangomusa waYo. Yiziphi izindlela esingakwenza ngazo lokho khona manje, silungisela lolosuku olukhulu na? Singamdumisa kanjani ngezinhliziyo ezibongayo, simkhonze manje ngenxa yakho konke asenzele kona nasazokwenza?

2. Funda iSambulo 4:11 no 5:9. Sibona ebambe liphi iqhaza elimikhakha mibili lapha, futhi yomibili leyo mikhakha ibaluleke kanjani kungekuphela maqondana necebo losindiso, kodwa futhi nokuthi iNkosi ifanele ukukhonzwa? ISabatha nalokho elikufundisayo liwabonakalisa kanjani lamaqiniso amabili amangalisayo ngoNkulunkulu wethu na?